

Speech by KZN HEALTH MEC, Neliswa Nkonyeni on the occasion of the Voluntary Counselling and Testing Campaign at Inkandla

2 March 07

Ingqikithi yodaba esihamba ngalo namhlanje icacile, ithi:

“Knowledge is Power: Know Your Status!”

Izibalo zethu zikhomba ukuthi umphakathi owakhele lendawo enhle kangaka ungaphezu kuka 36 000. Ingxenye enkulu yabahlali lapha ineminyaka engaphansi kuka 35 kunjalo nje abesifazane babe bengu 54%.

Kuhle nginazise ukuthi singuMnyango wezeMpilo sikhathazekile ngempela ngamanani aphansi abantu abeza phambili bezohlola ukuthi sime kanjani isimo sabo mayelana nalesisifo esingumashayabhuqe. Izibalo zethu ngenyanga edlule zikhombe loku:

<u>AREA</u>	<u>SITE</u>	<u>CLIENT TESTED</u>
• MAMBA	OSUNGULWENI	50
	MATHUNGELA	40
	NXAMALALA	60
	Kuma MOBILES	20

- NKANINI MOBILE 18

- VUMA MOBILE 14

Ndabezitha, sicela usizo lwakho ukuthi kuyo yonke imihlangano kanye nezimbizo eziba khona kulendawo yakho, udaba lokuyohlololwa igciwane lengculazi kanye nesandulela ngculazi, kuhlale kuxoxwa ngalo.

Kubalulekile ukuthi ngicacise ukuthi thina njengoMnyango wezeMpilo sizosizakala kakhulu ngemiphumela etholakala uma kuhlolwa ngoba sizokwazi ukuthi uma sakha isabelo zimali sikwazi ukuzitshala lapho zidengeka khona ngempela.

Esikuthanda kakhulu ngaloluhlelo ikakhulukazi uma kukhulunywa ngendaba ye Counseling ukuthi akudingekile ukuthi umuntu aze abe umhlengikazi noma udokotela ukunikeza ngalolusizo. *With proper training, members of the clients' local community, regardless of their educational level, can do the counseling component.*

Angikugcizelele ukuthi loluhlelo lwe Voluntary Counselling and Testing luphezulu ezinhlelweni zethu zokuthena amandla lombulalazwe. Akulula ukuthola usizo mayelana nokuzivikela, mayelana nokuthola imishanguzo kanye nokunakekelwa uma ungasadlulanga kulohlelo. *The VCT programme must be understood as the entry point for prevention, treatment and care interventions.*

Mphakathi othandekayo makusicacele ukuthi luningi usizo olutholakala kuhulumeni kodwa olungeke lufinyelele kithi uma singaziwa. Bheka nje ekukhishweni kwemishanguzo, sincane kakhulu iibalo sabahlali abawatholayo. Lemishanguzo kulendawo ikhishwa ezibhedlela kuphela nalapho isimo sakhona esime kanje:

Mbongolwane Hospital

9 clients from Mamba

Eshowe Hospital

**150 clients from
Mamba, Vuma &
Nkanini**

Okunye okuphawulekayo ngalendawo esikuyo namhlanje udaba lokuntuleka kwemisebenzi.

Kuzokhumbuleka ukuthi evula iphalamende uMongameli wezwe uphakamise ukuthi kulonyaka makusetshenzelwe ukulwisana nobubha.

Izibalo zethu zikhomba ukuthi bangu 5% kuphela abahlali balendawo abazisebenza bona. Thina sifuna kushintshe loku. Sifuna abantu basebenzise amakhono abanawo ukuphakela izinto ezidingwa izibhedlela zethu zase Mbongolwane kanye nase Showe. Izimpahla kanye nokudla okudingwa iziguli sifuna nisebenzise amakhono enu bese loko kutholakale kinina.

Phambi kwethu nawa amathuluzi okusebenza esizoninikeza wona mahhala. Akubuyelwe enhlabathini. Asikhiqize futhi

njengasemandulo njengoba siyabona nokuthi idolobha liqhele kangakanani nakulezindawo esihlala kuzona.

Laba asebaqalile ngama Co-operatives ngithi mabaqhubekela phambili, mabazihluphe bafune imisebenzi eminyangweni eyahlukene kahulumeni.

Ngihalalisela nabo bonke laba okumanje abazimbandankanye nama projects aqhubekayo kulendawo kufaka:

- Sewing projects
- Disposable napkins projects
- Catering
- Water project
- Khulisa project which is a youth friendly initiative
- Poultry project.

Inkulumo yami ngizoyiphetha ngokunxusa ukuthi **akuphele ukucwasa abantu asebaphila negciwane lengculazi.**

Akuphele ukucwasa abantu abanesifo sofuba ngoba uma befihla bazoqhubeka bathelele nabanye.

Masigqugquzele bonke esihlala nabo ukuthi basebenzise izikhungo zezempilo bayozihlola uma umuntu esekhohlele amasonto angaphezu kwamabili.

Abesifazane mabazibheke izinguquko ezenzeka emizimbeni yabo kuthi labo abaneminyaka engaphezu kwamashumi

amathathu beze phambili bazokwenza I **Pap Smear** ukuthi bazovimbela ukungenwa umdlavuza wesibebeletho.

Akuphele ukubhema phambi kwabantwana

Akuphele **ukhlukunyezwa kwabantu abadala, abesifazane kanye nabantwana.**

Phansi nokuthula uma uhlukunyezwa noma unukubezwa

Phansi nocansi olungaphephile

Phansi ngobusoka obungabuyiseli

Phambili nokuzithiba uma sisebancane.